

PULA IMVUILA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



*Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo*

Funda Ngaphakathi:

- 04** Izimpawu eziwayeleke kakhulu zokuntuleka kwa-manyuthriyenti emmbileni
- 06** Hlola uphinde ulawule ukhula ngaphambi nangemuva kokutshala
- 11** Isimilo esihle sibaluleke kakhulu kunemali



Umlayezo wethemba ngesizini yesomiso

sithinta izimpilo zethu ngezindlela eziningi ezehlukene ngoba amanzi ay-
ngxenye ebaluleke kakhulu emisebenzini yethu. Amanzi siyawadinga ukuze siphile,
nezilwane nezitshalo ziyawadinga futhi nazo! Amazi siyawadinga ukulima ukudla esikudlayo futhi siwadingela nokuphuza, ukupheka, nokuwasha nokwenza ugesi...futhi kuyaqhube ka njengomdlalo wamadomino lapho into eyodwa ithinta into kwehle njalo kushone phansi ngomugqa omude – kwe-

hlele phansi kuma-akhawunti amabhang
abalimi nasenhliyweni!

Umfama – ubheka ezandleni zakhe ukhathazekile ngomndeni wakhe, abasebenzi bakhe nangomsebenzi wakhe webhizini

Njengamanje iningi lethu siyazi ukuthi liguiswe kanjani ngamadololizwe lethu phambi besinye sezomiso esizedlula zonke kanye nokushisa okunonya ezingqondweni zethu! Lesi kube yisikhathi sokulingeka nokuvivinywa





UGOGO JANE UTHI...

Kuleli hlolo eledlule isizini yokukhiqiza izilimo beyinzima kakhulu futhi kuyisikhathi sezi-vivinyo kubo bonke abalimi. Kunezindawo ezincane eMpumalanga, eziye zabusiseka ngezimvula ezinhle, kodwa kwabaningi, kube yisikhathi sesomiso esingajwayelekile izimvula bezicacamezela. Belina kwabanye kodwa kwabanye lingani.

Sixoxe nabalimi abanangi abadala kule sikhathi nabo basho umlayezo ofanayo – qhubekani nokwenza into elungile. Ngalokho bachaza ukuthi masingatatzeli sithathe nezinqumo eziwubuwula. Uma uphelelwu yithemba, uyazidela kodwa lokho kuyingozi. Izikhathi zokutshala ezindaweni zanqunywa eminyakeni eminingi kodwa uma uphumela ngaphandle kwalezo zikhathi uzbeki engozini enkuu yokulahlekela yivelu yama-*inputs* kanye nezindleko zokusebenza. Okungenani linda kodwa unga-thali kunokuba utshale isilimo sekwedlule isizini. Siyazi ngezinkontilaki (ikakhulukazi eNyakatho neNtshonanlanga) ezitshala ubhekilanga enhlabathini eyomile ngoFebruari. Okokuqala, asilokothi sitshale enhlabathini eyomile, futhi ngeke sikhazi ukutshala uma isizini isidlulile. Lezi zinkontilaka zikhokhelwa ngemali yesibonelelo kahulumeni – lokhu kusebenzia budedengu izimali zombuso kufanele kuthathwe njengoku-'xaphaza imali' futhi abenza lokho kufanele bathathelwe izinyathelo. Uku-thi yimali kahulumeni akusho ukuthi kufanele siyimoshe.

Mayelana nemfuyo, kubukeka sengathi ubusika buzoba nzima. Uma line emva kwasikhathi, njengoba kwenzekile kulo nyaka, utshani bezama ukwenza izinhlamu (ukuze buqinisekisa ukuba buyaphila ngesikhathi esizayo) kodwa abenzi amaqabunga amahle. Nakuba ezindaweni eziningi, amathafa abuke-ka eluhlaza, ngeke kube yinani elejwayelekile uma sekomile. Ngenxa yesilimo esingekho sihle, kunge-nzeka ukuba i-stover emhlabathini ngeke sibe sinungi naso. Singathanda ukwenza isincomo kuwena ukuba ubhekisise imfuyo yakho isikhathi eside bese uyidayisa eningi – izilwane ezindala, izilwane ezintekenteke, izilwane ezingakhiqizi. Gcina izilwane ezimbala ezhikhqizayo lezo ozokwazi futhi nokuzondla kuze kuge yisizini yehlobo elizayo. Ukhumbule futhi ukuthi amathafa ngeke asimame masinyane entwasahlolo ngakho kungenzeka uzondle kuze kufike ku-Okthoba (siyethemba ukuthi ngeke kube njalo).

Ngiyathandaza ukuthi imvula isheshe ukuna no-kuthi isithwathwa sibambezeleke. Okwamanje hlala ethembeni futhi uqhubeke nokuthatha izinqumo ezi-phusile. Ubusiseke.

Umlayezo wethemba ngesizini yesomiso



Abalimi nabasebenzi basemapulazini ngoSuku Lokuthandazela Imvula e-NAMPO Park ngomhla ka 27 Novemba 2015.

kwamafama onke kwelaseningizimu ne-Afrika. Sekuyiminyaka emibili yesimo esibi, abanye abalimi babe nenhlanhla kakhulu yokuthola imvula ngesikhathi kwahlengeka izilimo; kwabanye ngeshwa, imvula ifike isikhathi sesedlule kakhulu ayibanga isahlenga lutho! Abanye ngabe abatshalanga – futhi kuzoba nzima kakhulu kulabo abanganalutho, ukuba baphile ngokwezimali ngaphandle kosizo. Futhi kodwa...

Impilo iyaqhubeke! Nathi ngokunjalo kufanele! Kudingeka siphile njengosomabhizini-si angengengomuntu ngamunye nemindenabasebenzi okufanele sibanakekele. Ku-fanele senze konke okusemandleni ukuze siphile futhi senze amaplane esizini entsha – ngeke sinikezele. Iqiniso ukuthi kudingeka sikhiqize ukudla kwasizwe sezwe lethu futhi kudingeka siphile ukuze siphendule ubizo olujulile kubanikazi bomhlaba, lokulima



– ikakhulukazi ngoba siyathanda ukulima futhi asifuni ukwenza enye intol! Isomiso sike safika esikhathini esedlule kodwa sanqamuka eku-gcineni – kudingeka senze isiqiniseko sokuthi sinqamuli thina kuqala!

Ukumelana nemisebenzi yale sizini edlule bekufana nokugibela i-rola khosta nomuzwa; aliphakame ithemba, phansi ngokukhathazeka – bese singena ekujulenii kokukhathazeka! Asikaze phambilini sibe nama-inputs nengcindezi yezezimali zibe sengozini enkulu kangaka iminyaka emibili ilandelana.

Ikhona inhlasana yethemba kule sizini: kula-bo abalime okuthile futhi bazinakekela izilimo zabo kwaze kwafike esikhathini sokuvuna ngempumelelo, intengo enhle kakhulu izosivala isivuno esilahlekile! Isilinganiso sethu kulonyaka ingaba ko-1,5 t/ha ommbila esikhathini esedlule ukwenza isibonelo ngentengo yangonyaka odlule kade iku-2,5 t/ha.

Uma isizini isisondela ngasekupheleni futhi singahlola ngokuqondile ukuthi isivuno sethu sizobukeka kanjani, uma kunento ekhona, kuzobaluleka ukuzama ukwenza izibalo kuse-nesikhathi ukuze sibone ukuthi inzupo yethu izobukeka kanjani nokuthi kuzoba yini izingqinamba zethu. Xhumana nabama-input kusene-sikhathi ubazise futhi bazi ngesimo esiqondene nave nezimo zakho ezechlukile. Ukhumbule ukuthi

maningi amafama asesimeni esifanayo nesakho nama-service providers ayazi futhi ayaqondisa ngesimo sezolimo. Kuyitshisekelo yaho ukugcina amabhzinisi abalimi eqhubeka kuphela nje uma kunethemba elizwakalayo lokuhlenga imisebenzi elengela eweni yebhizinisi.

Amabhange nama-agriclatural co-operatives abawona amafama futhi abafuni ukulima – abafuni ukuchitha noyedwa umfama ngaphandle uma engaphansi kwezimo ezibucayi kakhulu lapho sebelahlekelwa khona yithemba emandleni omlimi okuphatha indlela yakhe kulezi zikhathi ezinzima noma lapho becacelwa khona ukuthi alisekho ithemba lokululama.

Uma bengabona ukuthi wena njengomlimi wenza amaplane, ugcina amarekhodi, uphila ngokucongobezelwa futhi uzimisele ukudela onakho ukufake ekulimeni, ngalokho bangasi-bhekisisa kahle isimo sakho. Uku-xhumana ukhiye wezinto zonke. Xoxa ngesimo sakho, kulu-ma nochwepheshe futhi uthole iseluleko sakhe ngendlela okufanele uyihambe ngayo le ndlela obhekene nayo nokunye okubaluleke kakhulu – hlale ucela osopolitiki kanye nenhlangano yakho yamafama nabakumele ukuze uthole oso-politiki nabathatha izinqumo bayazi ukuthi uxhoso Iwesomiso lungaguqula kanjani yonke into yebhizinisi lakho – nokuvikela ukudla ezweni!

Umfama – yindoda esesibukweni

Zibhekisise kahle. Nquma ukuthi uzophendula kanjani kule zimo ezingaphandle ngerizefu yamandla akho angaphakathi nangokholo. Zama ukugwema ukuhlala isikhathi eside unge-nzi lutho. Zama ukugwema ukuzindla ngezinto ezimbi isikhathi eside. Izinto zinjalo nje! Akukho ongakwenza ukushintsha isimo esishisyo noma ukuvimba isomiso – asikwazi ukwenza imvula ine noma ukumilisa utshani... Chitha isikhathi uthandaze ucabange zonke izinsuku ukuze uthola ukuthula okungaphakathi namandla. Gxi-la kulokho onakho nakulokho ongakwenza.

Ngabe usenayo impilo namandla useno-mqondo osengakwazi ukwenza amaplane? Usenazo izinkomo eziphilayo osengazon-dla uzikhuluphalise? Usengakwazi ukuvuna

okuthile? Kuzobiza ngaphezulu kunonyaka ojwayelekile? Yenza izinto ezidinga amandla kodwa hhayi imali. Hlala ngokukhwishiza futhi wenze nezinto ongajwayele ukuzenza. Qoqa ama-shed kanye negceke lasefamu. Bheka onke ama-implements akho; uwapende. Lokhu kungawuthoba umoya womunye!

Cabanga izinto ongazenza ekhaya, uku-khanda nokunakekela lokho unkosikazi wa-kho abelokhu ekucefezelwa ngakho. Ukujabula endlini kuyasiza futhi kuzomenza abe nentshi-sekelo yokukweseka kuzo zonke lezi zikhathi ezinzima. Cabanga ngezinto ezincane ezingenza imali ezosiza isimo sokungenisa imali – ngisho noma kungaba yinto ezogcina izandla zakho zi-matasatasa nengqondo yakho isebezenza – futhi kuyiqiniso amasentshana ambalwa ayasiza!

Ekugcineni: Ungazikhukhumezi ngokuse-benza kanzima ngezadla nangokutshela ophathina bakho ngesimo sakho. Yenza noma yini ukusindiza ibhizinisi lakho nangokondla umndeni wakho. Amandla owasebenzisayo azokwenza uzizwe ugxilile emagolini akho esikhathi eside, futhi akugcwali-se ngeiniso nangothando ulwe impi yokuphila.

Umbhali odumile u-Bill Bryson wabhalu ukuthi: ‘Zintathu kuphela izinto ezingabulala umlimi: umbani ukugingqika kugandaganda nokuguga’. Wena ke? Uzokulwela lokho onakho futhi uzokwenza konke okusemandleni ukuhle-nga ipulazi lakho – noma uzophelelwu yithemba noma ungabi nanhliziyo yokuwina impi? Ngabe uzo-hlala endlini uvale amakhethini noma uzo-tholakala emasimini ujaha izimbuzi namagwababa, uvikela zonke izinhlamvu zesikhwebu kuze kufike isikhathi sokuvuna njengo-Mnu Khumalo no-Mnu Ndhlovu eduze kwase-Nta-bamhlophe benza kulo nyaka? Kwangathi imi-zamo yenu angathela izithelo kulo nyaka!

**I-athekhili ebhalwe ngu-Jenny Mathews,
umbhali wePula Imvula. Uma ufuna
imininingwane egcwele, thumela
i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.**

Pula Imvula's Quote of the Month

'Character cannot be developed in ease and quiet. Only through experience of trial and suffering can the soul be strengthened, ambition inspired, and success achieved.'

~ Hellen Keller

Izimpawu ezijwayeleke kakhulu zokuntuleka kwamanyuthriyenti emmbileni



Ummiba okhombisa izimpawu zokuswela i-magnesium.

Ngokukhulisa ukuqondisa kwethu isitshalo sommbila, isidingo sama nyuthriyenti nokuwamunca, sisethubeni elingocono lokuthola inzuko enkulu kumaphrogramu ethu kamanyolo.

Inyuthriyenti ngayinye ehlukile inomsebenzi obalulekile kumanyuthriyenti esilimo futhi kubalulekile ukuthola ibhalansi elungile phakathi kwama-*macronutrients* nama-*micronutrients* ezilimo zommbila. Amanyuthriyenti enhlabathini amuncwa yizimpande zesitshalo emva kwalokho ayasabalala phakathi esitshlweni afike eziqwini nasemaqabungeni. Ukuncipha kwamanzi enhlabathini kunciphisa ukuhamba kwamanyuthriyenti futhi

uma kunesimo esinjalo, ukukhula kwesitshalo kuyabambeka.


I-Nitrogen (N)

Izitshalo ezinesifo sokweswela inayithrojini zi-khombisa ukudondobala noma zibhashe zingakhuli. Amaqabunga ayaguquka abe luhlaza okuphaphathekile. Amaqabunga amadala kakhu lu akhombisa umbala ophuzi ongacacile kahle ne-*necrosis* (ukufa kwe-cell tissue.) kuqala esihlokweni seqabunga. I-pH ephansi noma ephezulu enhlabathini idala ukubhebhetheka kwenkinga njengoba kwenza isihlabathi nenhlabathi elula ngoba kulula ukuguguleka kwamanyuthriyenti enhlabathini. Lokhu kungadalwa mhlampe ukunisela kakhulu noma yimvula eningi.

Inayithrojini ibaluleke kakhulu ekukhuleni kwekhaba lesitshalo sommbila ube luhlaza futhi inomthelela obalulekile ekukhuliseni isivuno nekhwalithi engcono yezinhlamu. Isitshalo sommbila sidinga inayithrojini nefosforasi masinyane emva kokumila ukuzi ikhuthaze ukukhula kweziqiu namahlamu kanye nezitraksha sendlebe. Inayithrojini eningi kodwa idingeka ngesikhathi sokukhula okukhulu leyo inyanga engapahambili kwe-tasselling ne-silking.

I-Phosphorous (P)

Izitshalo evisencane ezinenginga yokuswela i-fosforasi ziyanbasha futhi zizace zibe namaqabunga aluhlaza okujiyile phecelezi (*dark green*). Usebe lwamqabunga, imithambo neziqiu

**Ukuphatha i-pH yenhabathi.**

zikhombisa imikhwazi ebukhwebezane engabalala neqabunga lonke. Lombala obomvana uvamise ukubonakala empilweni yesitshalo esigabeni sokukhula.

Umhlaba onesimuncu none-*alkaline* eningi wenza isimo sesitshalo sibe bucayi kakhulu njengoba kwenza isimo sezulu esibandayo nesimanzi. Izilimo ezinezimpande ezingakhuli kahle zisuke ziswele ifosforasi eyanele ngakho ke kubaluleke kakhulu ukwenza isilinganiso samaleveli ngokuyikhona ukuze uqinisekise ukuba izitshalo zikhula kahle kusukela zisamila lopho kuzoba nomthelela nasekuvuthweni futhi kunciphise ukulahlekelwa yizinhlamvungenkhathi sekuvunwa.

I-Potassium (K)

Izikhwedu zesitshalo esiswele iphotheziyamu sibonakala ngokuba sinciphe noma isihloko futhi izinhlamvu zesihloko sesikhwebu zi-yaggaggana. Inkinga ibhebhethekiswa yinhlabathi enesimincu nesihlabathi nenhlabathi elula

eguguleka kalula nangokushesa. Isomiso nemvula eningi kakhulu noma ukunisela kakhu-lu kunezinkinga ezifanayo uma amabhalansi ephotheziyamu engalungile. Iphotheziyamu ibalulekile ukwenza i-green foliage enempilo futhi iqinisekisa ukukhula okuhle kwezimpande lokho kuba nomthelela wokwandisa isivuno.

I-Magnesium (Mg)

Izimpawu zokushoda kwemagneziyamu esitshaleni sombila kubonakala emaqabungeni aba nemibadlana ebomvana nebukhwebezane futhi abukeke unemithende. Lokhu kwenzeka kaningi emva kwesimo esibandaya esidonse isikhathi eside nesimanzi nasenhabathini enesimuncu esiningi noma esihlabathini. Imagneziyamu inomthelela ekukhukeni kwesitshalo esinempilo ekuqaleni kwesizini futhi yenza isivuno sibe ngcono. Ingasiza futhi nakwinqubo yokuvuthwa kwesitshalo iphinde isondeze usuku lokuvuna.

I-Calcium (Ca)

Ukushoda kweKhalsiyamu kusheshe kubonakale ngesizini yokukhula kwezitshalo futhi kubonakala emahlamvini asemancane akhombisa umbala oluhlaza okuphaphathekile noma amachashaza amhloshana noma imithende yokuklwebheka futhi angagaxela emuva. IKhalsiyamu ibalulekile kwi-foliage enempilo futhi inomthelela ekwenzeni ngcono ikhwalithi yezinhlamvu nokuthuthukisa isivuno.

I-Sulphur (S)

Isitshalo sommbila sizobonakala sibhashile si-qonde phezulu, sibukeka simile uma siswele isalfa eyanele. Lesi simo siyabhebhetheka uma inhlabathi inesimuncu futhi ilula, neyishlabathi lapho kunenkinga yokuguguleka. Lesi simo siphinde si

Aplaya umanyolo ngoku-fanelekile ngokwezincomo uqinisekise ukuba usebenzisa ama-rate afanele, kusetshenziswe indlela nesikhathi se-aplikheshini.

bhebhethekiswe inhlabathi enamaleveli aphansi e-*organic matter* noma uma inhlabathi ingahlangani kahle nomoya noma umumatha amanzi amaningi. I-S inomthelela kwi-green foliage nasekukhulen okunempilo kwesitshalo sommbila iphinde ibe nomthelela ekumuncweni kwenayithrojini yisilimo.

I-Boron (B)

Izitshalo eziswela i-B zibonakala ngokukhula zibhashe zibe namachashaza aphusi noma amhlophe emaqabungeni azo kube nemithende aphakeme eyi-waxy ensundu njengoba umthelela wokuntula uya ukhula. Ubucayi bukhulu kakhulu esihlabathini nasenhabathini ene-*alkaline* nase-nhabathini ene-*organic matter* ephansi. Lokhu futhi kuyenzeka uma kunamazinga aphezelu kakhulu enayithrojini noma ikhalsiyamu. Izimo zesomiso nazo ziyayibhebhethekisa le nkinga. I-B ibaluleke kakhulu ekukhulen kwasikhwebu ne-kernel.

I-Zinc (Zn)

Ukuntuleka kwe-Zinc kubonakala emahlamvini esitshalo sommbila aba nemibala ephusi okuphaphathekile eqala esiqwini seqabunga igijime njalo nohlangothi lwensika kanti usebe lweqabunga, isihloko nensika khona kuhlala kuluhlaza. Kungaba nombadlana omncane obo-mvu osebeni lwamaqabunga kanye naseziqwini zesitshalo. Lezi zimpawu jikelele zibonakala emahlamvini amadala, ukukhula kwe-lunga kuyancipa futhi kwenze isitshalo sibukeke sidondobala. I-Zinc ibalulekile ekukhulen kwesitshalo esihle ekualeni kwesizini futhi kuyasiza kwenze isivuno esingcono kanye nokusheshisa isikhathi sokuvuthwa kwesitshalo kusondeze isikhathi sokuvuna.

Kusobala, ama-*micro-nutrients* adlala indima ebalulekile empilweni yesitshalo sommbila ukuze bonke abalimi bazuze isivuno esinamndla, kubalulekile ukujwayela ukuthatha amasampula enhlabathi wenze ucwaningo. Ngalolu lwazi olunikiye, aplaya umanyolo ngokufanelekile ngokwezincomo uqinisekise ukuba usebenzisa ama-rate afanele, kusetshenziswe indlela nesikhathi se-aplikheshini.

**Ummiba okhombisa izimpawu zokuswela i-potassium.**

**I-athikhili ibhalwe nguGavin Mathews,
i-Bachelor in Environmental Management.
Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela
i-imeyili ku-gavmat@gmail.com.**

Hlola uphinde ulawule ukhula ngaphambi nangemuva kokutshala

Ukhula lubangisana nezitshalo amanzi, ukukhanya namanyuthriyenti ngesikhathi kungahlwanyeliwe noma isikhathi esisemkhathini wezilimo nangesikhathi sesizini yokukhula. Ukhula nalo lungezinye zezininda zezinambuzane nezilokazana zezifo ezechlukhukene. Kubalulekile ukufunda ukuthi yiluphi ukhula ulumila ngokushesha nolungaba nomthelela umkhulu esivunweni sesilimo.

Ukuze ukwazi ukuhlola umthelela ongenziwa wukhula kuzilimo umfama kuifanele abe nemininingwane yohlololo lwezinhlolo zokhula olukhona kusistimu yesilimo esithile. Lokhu

kungaphuleleiswa ukuqalisa inhlanganisela yohlelo lokulawula izinambuzane nokhula. Ukuhlola kuchazwa njengenqubo yokuhlol ngenhloso yokuthola ulwazi. Kulesi simo ulwazi olutholakele olumayelana nezinkinga zokhula oluthile epulazini lakho luzokwenza kwazeke ukwakha nokuqalisa uhlelo lokulawula ukhula.

Ukuhlola ukhula

Kunesincomo esikhulu sokuba amafama nama-ejenti noma abaqequeshi bathenge ikhophiye-Common Weeds of Crops and Gardens the 2nd Edition itholakala e-ARC Crops Institute. (ISBN-13 978-1-86849-399-9). Ukhula ngalunye

lubhalwe kahle futhi kunezithombe zembewu yalo, izinhlamvu ezimila kusaqala nezitshalo esezikhulile futhi yithuluzi elimqoka ukubona izinhlamvu ukuze uzokwazi ukuzibona ngokuacile futhi kube nokuxhumana phakathi komfama namasaplaya ama-herbicides nezinye izingxube ezechlukene ezimayelana nobucayi benkinga kanye namakhemikhali okulawula inkinga yokhula oluthile kwizilimo zakho.

Ukuhlala ukhula ngokwanele kudinga ulwazi oluphelele lokhula kanye nebhayoloji yesilimo, ukubona ukhula nemikhuba yokumila kwalo, izindlela eziyizo zokwenza amasampuli kanye nohlolo lomthelela kwezomnotho



Ukuhlola nokulawula ukhula emva kokutshala.



Ukulawula ukhula ngaphambi kokutshala.

ngezinga oluhlasele ngayo leso silimo okuzovumelana nezindleko zemishini noma amakhemikhali alawulayo.

Indlela yokwenza

Ukuhlola izifo eziwuhlupo noma ukhula ngokuvamile kwenziwa ngokuhamba enhlabathini wenze ama-zigzethi noma u-M phe-thini futhi uhlole futhi ibale ukhula olwehlukene olutholakale kwi-square metre steel square placed enhlabathini, isibonelo, njalo kumamitha angama-50 kuya kwayi-100. Inhoso ukwakha isithombe ngaphandle kokucabanga esikhombisa ubukhulu nokuba namandla kwenkinga yokhula. Ukuhlola nokuqapha kufanele kuqale esikhathini esiphakathi kwezilimo ngaphambi kokutshala nasemkhiqizweni wommbila kufanele kuqale esigabeni sehlmvu le-4 kuya kwelesi-5 esigabeni ngesikhathisonyaka ububanzi behlamvu nokhula lotshani bungaphansi kuka-38 mm ubude.

Uma amamephu emihlaba engasungulwa bese kwenziwa inkambo yezindawo okufanele zihlolwe noma ngokulinganisa ngezithombe noma kusetshenziswe uhlelo Iwe-GPS kugcnelwe ingomuso.

Khumbula ukuthi ukugcwala kokhula onqenqemeni lomhlabathi kungenzeka lungameli inani lokhula olumaphakathi nomhlabathi. Yenza amasampuli ngokuqaphela nangokunganganayelwe mutu futhi ucabange nangosayizi wohmlaba uma unquma nenombolo yamaphoyinti lapho kuthathwa khona izilinganiso. Umthetho obalulekile kungaba ukuba wenze amahektha angama-25 ngokwehlukana ngalinye.

Ubuningi bokhula kanye namanani okhula ngalunye kungahlukaniswa ngokubanzi ngamaklasi amane. Abizwa:

- **I-Scattered:** Ukhula lukhona kodwa izitsha-lo zibalwa enhlabathini.
- **I-Slight:** Ukhula lusabalale yonke indawo emhlabathini. I-avareji engekho ngaphezulu kwesthalo esisodwa sokhula ngemitha eyodwa yohele. Ukuhlekelwa kwezomnotho akuvamile kodwa kuyenzeka kwezinye izindawo.
- **I-Moderate:** Ukhula luningana ngokufanayo emhlabeni wonke ngesilinganiso esi-avareji okungekho ngaphezulu kwesthalo esisodwa ebangeni elingu-30 cm ngasinye.
- **I-Severe:** Isitshalo sokhula olungaphezulu kolulodwa ebangeni elungu-30 cm uhele lokhula olunamaqabunga abanzi, izitshalo zokhulu ezintathu ebangeni elingu-30 cm lotshani noma izindawo ezinkulu ezhlaselwe wukhula oluningi. Ukuhlekelwa kwezomnotho kuqinisekile ngaphandle uma ukhula lulawulekile.

Maningi kakhulu amaphrogramu ezifafazi akhona ezilimo ezi-genetically modified futhi izilimo eziwayelekile ezingafakwa ngaphambi kokutshala, ekutshaleni nangemuva kokutshala. Khumbula ukuthi indlela elungile yenqubo yesifafazi nayo kufanele isetshenziswe kwi-no-till system. Ubuze i-saplaya yakho yama-herbicide noma i-ejenti njalo ngaphambi kokucabanga nganoma iyiphi iphrogramu.

Kubalulekile ukukwazi ukulawula umthelela omubi mhlampe ngaphambi noma ngemuva kokutshala ngasosonke isikhathi ukuvikela ukulahlekelwa kakhulu kwezomnotho.

Amarekhodi

Nakuba ungakwazi ukwenza uhlolo Iwe-ad hoc yezingkinga zokhula zokulawula unyaka ngonyaka uhlelo lokuhlaziya olubhalwe phansi lwamasizini ambalwa lungaba nevelu. Gcina

amarekhodi omhlaba wonke wefamu lakho kanye nezitshalo ezechukahlukene ezilinywayo nerekhodi ledatha yokuhlola ukhula ukuze wena ne-saplaya yakho ye-herbicide nizobona izinkingga zokhula oluphikelelayo futhi okubaluleke na-kakhulu ukukhetha ngokushesha noma yiluphi uhlobo lokhula oluthanda ukuba nenkani kuphrogramu ethile yekhemikhali.

Amarekhodi kufanele okungenani abe namadatha alandelayo owaqaphelayo okubandakanya, isikhathi sokuhlola kungaba ngaphambi noma emva kokutshala, indawo umhlaba okuyo, umlando wezilimo, izivuno zesilimo, ukusetshenziswa kwama-pesticides, ukusetshenziswa kwama-herbicides, uhlobo lwenhlabathi, amarekhodi okuvivinywa kewnhlabathi, izinkinga ezinkulu zezinambuzane nezokhula kanye nezilinganiso eziyimpumelelo zokusetshenziswa kwama-herbicides athile.

Isiphetho

Njengoba ukusebenzisa ama-herbicides kuyinto ebizayo njengoba zonke izindleko zomsebenzi wokufafaza ngakunye kufanele kubalwe kubalulekile ukuhlola ngokuqondile izinkinga kusenesikhathi. Inkinga ekhulayo yama-herbicides anenkani kufanele igcinwe engqondweni. Funda isimo emhlabeni samafama sokuphindela emuva ekulawulenii ukhula ngemishini okuhambisana nokusebenzisa kakhulu amakhemikhali ukuze unciphise zonke izindleko zokulawula ukhula kodwa ngaphakathi kookuthola isivuno esiyinzozo epulazini lakho.

I-athikhile ibhalwe ngumafama asathatha umhlalaphansi.

Impahla ibanhle njengendlela oyinakekela ngayo

Ezolimo yimboni eqhubekela phambili enezinguquku ezenzeka unyaka nonyaka. Ithekhnoloji iyashintsha, impahla yokusebenza iyashintsha, amathiyori ayaguquka nemetodoloji iyashintsha futhi esikuqaphela kakhulu nakakhulu ukuguquka kwesimo sezulu.

Njengabalimi singezwa kwangathi kudingeka 'siguuke njalo noma sife', futhi kuyiqiniso lokhu. Ukulima kumayelana nokukhqiqa kuphela; kudingeka sikhiqize kakhulu emhlabeni omncane kakhulu ngezindleko ezincane kakhulu ukuze izincwadi zibhalanse ekuphele ni kwsizini. Ngakho ke ukuze sihlale embonini yezolimo kudingeka sihlale sinolwazi ngemeto-doloji namatheknikhi esikhathi samanje.

Ukusebenza kwezinto zokutshala yikho mhla-mpe okuthuthuke kakhulu ukwedlula zonke ezinye izingxenyenye ekulimeni kule minyaka eyishumi.

Asenze isibonelo ngomkhqizo kakolo; esikhathini esedlule bekungumkhuba ojwayelekile ukuthala ukolo ngokuhlwanyela imbewu nge-fertiliser spreader ulandelise nge-roller ukuhlanganisa imbewu enhlabathini. Lendlala yasebenza, kodwa kwakukuningi okungahlangani. I-Calibration kwakungumlalo wokuqagela nembewu yayisaka-ze ka ngokwehlukana kusala izikhala nendawo lapho ukhula beluzimilela khona.

Saqhubeka futhi sasebenzisa i-fine seed drill; lena esasetshenziswa nanamuhla kodwa

ithuthuke kakhulu ifaka phakathi i-seed monitors, i-modified engineering, i-better fertiliser application nomshini omkhulu.

Abalimi bakakolo asebethuthuke kakhulu namuhla basebenzisa i-big air seeders ukuthala izilimo zabo. I-air seeder isebenza nge-big vacuum ephephetha imbewu yehle ngamaphayiphi okuthi ngalinye lingene kwiplanting disc ukuze lingene enhlabathini. La ma-planters alungile futhi asiza abalimi ukuba ne-application seed enhle kakhuli eyikhava kahle isilimo futhi lokho kuholela emkhiqizweni ophezulu.

Ukuba nemishini yesimanje yisinyathelo esiqonde endleleni elungile yokufinyelela esicongweni somkhqizo wokusanhlamu okuletha inzuso, kodwa uma ungakwazi ukuwusebenzisa ngokuyikho lomshini noma ukuwunakekela ngendalela efanele kusho ukuthi i-investment yakho enkulu ngeke ithele izithelo.

Ngeshwa amafama amanangi acabanga ukuthi imishini nempahla yokusebenza iyohlala isikhathi eside. Ngeke kwenzeke lokho njengoba yonke into iyaguga iphuke ngakho ke idinga ukunakekela kahle. Ukwenza isibonelo i-planter ngenye yezimpahla ezinomsebenzi nebaluleke kakhulu ebhizinisini lakkho. Inamaphathi amanangi ahambayo, amajoyinti ajikelezayo, ama-bearing namaketango ukwedlula yonke eminye imishini yingakho idinga uthando olukhulu lokuwunakekela.

Ukunakekela kwe-Planter

Ake sibheke ukuthi singayinakekela kanjani ngokuyikho i-planter yethu ngaphambi kokuba kuqale isikhathi sokutshala. Igama eliwukhiye lapha u-'ngaphambi' kwesikhathi sokuqala.

- Qinisekisa ukuthi onke amaphathi ahambayo ajikeleza ngokukhululeka ngaphandle kwezihibe. Uma ikhona into eqinile, noma idonsekile, yiqaqe ubheke inking lapho ikhona. Uma usuyitholile iphathi enenkinga, yikhipe ufake entsha uphinde uwu-asembule kahle ngokuyikho.
- Hlola onke amaketango akho ukuthi awaqinile. Qinisekisa ukuthi iketango aliqinanga kakhulu kwangathi lingadabuka noma lijampe i-sprocket. Uphinde uqinisekise ukuthi alixegi kakhulu lingaze lishelele liphume ezinyweni le-sprocket futhi lingasebenzi. Kubatulekile ukuthi amaketango onke anowoyela futhi agcotshiwe ngaphambi kokuba angene emhlabathini. Sebenzisa uwoyela ukugcoba amaketango kodwa ungawagcobi ngegrisi njengoba inhlabathi iyanamathela kugrasi futhi ingenza ukuthi iketango libambeke.
- Bheka zonke izingono zamagrasi kwi-planter futhi uqinisekise ukuthi uyigcoba ngayinye ngokwanele. Lokhu kungaphindwa njalo ekuseni ngasikhathi sokutshala.
- Bheka umoya emathayini.
- Qinisekisa ukuthi i-vacuum iyaphephetha noma imunca ngamandla akukho okuchachamble emaphayiphini.
- Qiniseka ukuba ama-planting plates uwa-fake ngokuyikho emshinini.
- Ekugcineni, hlolisisa imbewu yakho ne-fertiliser calibration ukuze uqiniseke ukuthi uzotshala ngokuqonde ngqo.

Ngiyakholwa ukuthi impahla yasebulazini iba yinhle njengendlela umnikazi wayo ayiphatha ngayo nayinakekela ngayo. Ingaba nazo zonke izinsimbi nezimpempe zethekhnoloji ephambili, kodwa uma inganakekelekile kahle, azoba manangi amathuba okuba igijime ngesivinini iyongena lapho kulahlwa khona izinsimbi ezindala. ♦



Qinisekisa ukuthi zonke izingxenyenye ezhambayo ziyaphenduka nokuthi zijkeleza ngokukhululekile akukho okubambayo.

I-athikhili ibhalwe nguGavin Mathews,
i-Bachelor in Environmental Management.
Uma ufuna imininingwane egewe,
thumela i-imeyili ku-gavmat@gmail.com.

Ama-cultivatar kakolo

– umkhetha kanjani ‘Umaqondana’



Ikukhethwa i-cultivatar efanele yepulazi lako kungasikhulisa isivuno sakho.

Le athikhile igqamimisa ukukhetha i-cultivatar efanele kakolo njengengxenye yokumeneja isilimo sikakolo jikelele kwisustainable crop rotation system.

Into okufanele ibhekwe kakhulu kukolo uku-khulisa ukuqhathanisa nenzuso yokukhiqiza futhi lokhu kungafezekiswa kuphela izinga lesivuno sesilimo/inhlabathi/ nenhlanganisela yesimo sezulu, kube kuqaphelwe ngelokhozi ukuphathwa kwezindleko zama-input.

Ukukhetha i-Cultivar

Kukhetha i-Cultivar isinqumo esibalelekile sokukhiqiza futhi kungasiza ekunciphiseni ubungozi futhi kuhulise isivuno. Lemihlahndlala elandelayo kufanele icatshangwe uma kwenziwa izinqumo zokukhetha i-cultivar:

- Khomba indawo e-specific **indawo yokukhiqizo** lapho ikolo uzotshalwa khona, njengoba lokho kusho ukujwayeza nephrofayili yezifo yama-cultivar kakolo afanele. Uhla lwama-cultivar kakolweni wesinkwa abekelwe inhloso yohwebo ishiclelwa ngo-nyaka futhi ihlukaniswe imikhakha emithathu: ama-cultivars okukhiqiza emhlabeni owomile enyakatho, indawo yokukhiqiza engaseningizimu nenganiselekile ngokwanele.
- Nquma i-sub-region lapho umkhiqizo uzokwenziwa khona. I-photoperiod ne-vernalisation ilawula isikhathi sokuhula, nama-cultivars kufanele avumelanane nesimo sezulu njengobude besizini yokulima, iphethini namazinga okushisa nokubanda ngesikhathi sesizini yokulima, amanzi akhona enhlabathini ngesikhathi sokutshala usuku lokuqala nelokugcina lweqwa. Uku-ovalolwa kwama-cultivars emva kwesikhathi kuyabonakala esikhathini esinconyiwe sokutshala nge-cultivar ngayinye. Isebenzise kakhuli le-planting spectrum endaweni ukuze unciphise ubungozi bokukhiqiza obufana nesomiso, ukuhlasela kwesifo kanye nokukulahleka kwesikhathi.
- Ama-cultivars angahambisana nezimo ezi-specific **yield potential** nakuba ama-genetic yield potential ama-cultivars akhona aphezelu kunesivuno esitholakalayo njengamanje ngaphansi kwezimo ezingenisa inzuso. Lo mehluko wezivuno odalwa yisimo sezulu nezokukhiqiza, ukuphathwa kwezilimo, izifo, ingcindezi nezinambuzane nokhula. I-cultivar ifanele izoba nesivuno esiphezelu ngaphansi kwazo zonke izimo zesivuno ikhombise ushntsho oluseqophelweni eliphezelu kakhulu.

- Ukukhetha i-cultivar efanele ezokhiqiza esigodini esithile, kubalulekile ukukhumbula **i-agronomic characteristics** (*i-lodging, shattering ne-aluminium tolerance*), ukuzwela ezifeni (ukuthomba kanye ne-Fusarium spp.) nama-cultivars avimbela *i-Russian wheat aphid* lapho kufanele.

- **Ukugreyda nekhwalithi** kukakolo wesinkwa kuqukethe amagreydi amane enziwa amaphrotheni awuqukethe, *i-hectolitre mass*, kanye nokwenhla kwenombolo yezinhlamvu. *I-hectolitre mass* kanye namaphrotheni asipesheli aqukethwe anomthelela wesi-mo sendawo, amazi asenhlabathini kanye nokulawulwa kukamanyolo ngesikhathi soku-mila kwezinhlamvu, kuya ekuvuthweni.

Onke ama-cultivar kakolo wesinkwa akhulu-lewe ukukhiqiza ayakhwalifaya kuwo onke amagreydi kuye *ngamaphrotheni* aqukethwe, *i-hectolitre mass* kanye nokwehliswa kwenombolo.

Isiphetho

Sengiphetha:

- Tshala inani lama-cultivars anamandla ukuveza isivuno esiphezelu navimbela izifo nezinambuzane.
- Bukeza i-cultivar choice ngeminyaka ukuze ihambelane nokuguquka kwezimo futhi ucabange ngama-cultivar amasha.
- Sebenzisa **ulwazi olwengeziwe/ imihlahndlala** mayelana nezimo zama-cultivars, idatha yesivuno sesikhathi eside kanye nezivuno ezi-hambelanayo ezikhona kumfama ngamunye.
- Khetha isikhathi esihle **sokutshala se-cultivar** ekhethiwe, sebezisa imbewu elung-iswe ngokwekhwalithi ephezelu yembewu elashiwe yanconya ukuqinisekisa isimo esiphuthuma ngempela nokumila kwe-zithombo. Qaphela ubude be-coleoptile *y-cultivar* uma ukutshala okudophile kujula embhedeni wembewu owomile.
- Landela i-spraying programme yokulawula ukhula, izinambuzane nezifo ngesikhathi sesizini yokulima futhi ufake umanyolo ngo-kwezinga lamandla lesivuno.
- **I-Timely harvest** yesilimo kanye ne-post-harvest storage ingaba nomthelela ezingeni lesivuno nakukhwalithi yezinhlamvu nente-ngo oyitholayo ngethani ngalinye.

*I-athikhili ibhalwe ngu-Dr. Willem Otto:
we-Marketing, Sensako. Uma ufuni
imininingwane egcwele, thumela
i-imyili ku-willem.otto@sensako.co.za.*

I-Grain SA i-intavywe...

uThomas Ncongwane



UJerry Mthombothi, oyi-Development Co-ordinator yethu eNelspruit, ka-muva nje uchithe isikhathi noThomas Ncongwane ePulazini lakhe eGert Sibande district, eSifundazweni saseMpumalanga. Lo mlimi oneminyaka engama-46 ubudala ukulima ukuthatha njengento ebalulekile futhi okwamanje ulima ummbila nemifino/amaveji.

Ulima kuphi futhi ulima amahektha amangakhi? Ngabe yini oyilimayo?

Ngilima eBrandyball uma ubheke eKromdraai eGert Sibande District eMpumalanga. Ngilima umhlaba olimekayo ongamahektha ayi-10. Kulo nyaka ngitshale amahektha ayisithupha ommbila. Ngilima namaveji kumahektha amabili futhi kulo nyaka ngilime amatamatisisi, amaklabishi, isipinashi nobhithruthi.

Yini ekugqugquzelayo/ ekufakela ugqozi?

Ngakhulela ekulimeni njengoba abazali bami babengabalimi ababefuyile futhi belima izilimo ezingenisa imali phecelezi (*cash crops*). Into engifakela ugqozi ukuba ngilime ukuthi manje sengisebenzisa ama-herbicide ukulawula ukhula esikhundleni sokuhlakula ngegeja lomkhono njengakudala.

Chaza amandla kanye nobuthakathaka bakho

Amandla: Nginezinkomo ezingama-50 engizidayisa cishe ngenani elilinganiselwa ku-R5 000 inkomo eyodwa. Ngifuye izimbuzi

eziyi-150 ngiyazidayiso eyodwa ibiza u-R1 200. Kukhona idamu eliphezulu entabeni futhi ngingakwazi ukunisela ngesifafazi. Umkhiqizo uthengwa ngqo epulazini lami futhi ngoJanuwari 2015 ngalimela izinkomo zamama-Eragrostis Cuvula amahektha angu-1,5 ukuze zithole ukudla ebusika.

Ubuthakathaka: Anginayo imakethe eqinile yokudayisa amaveji ami futhi ngesinye isikhathi uma umkhiqizo wami ungadayisile ngiyaphoqeka ukuba ngiwuvune ngondle ngawo izinkomo. Anginawo futhi umshini wami wokulima ofana nogandaganda, amageja nenyi impahla.

Sasingakanani isivuno sakho ngesikhathi uqala ukulima? Singakanani isivuno sakho manje?

Ngenkathi ngiqala ngangijwayele ukuvuna amathanzi ama-2 ommbila ihektha lilinye kanti manje sengithola phakathi kwamathani ayi-10 nayi-12 ihektha lilinye. Ngesipinashi ngangivamise ukuthola u-R2 000 kuya ku-R3 000 ngesivuno esisodwa kodwa manje ngithola ngaphezulu kuka-R30 000 isivuno esisodwa. Ngamatamatisisi ngivamise ukuhola u-R1 500 futhi manje ngithola u-R20 000 isivuno ngasinye.

Ucabanga ukuthi ngabe yini eyaba nomthelela omkhulu kunqubekela phambili nasempumelelweni yakho?

Kusukela ngajoyina i-Grain SA ngo-2013 sengiqoqe ulwazi oluningi ikakhulukazi ekusebenziseni amakhemikhali ngokuphepha, i-calibration yama-knapsack sprayers i-application

yama-herbicide nama-insecticides. Nami ngafuna ulwazi lwe-calibration yama-planter okufaka umanyolo nokutshala ngokuyikho i-plant population. Ngaphinda ngenza izifundo eziningi ezihlelwa ngumNyango wezoLimo esi-Fundazweni saseMpumalanga.

Ngabe usuthole ngqequeso yini kuze kube yinamuhla? Ungathanda uku- qhubeuka uthole yiphi ingqequeso?

Nga-athenda ama-Workshops, ama-Farmer Days nezinye izifundo ezihlelwa yi-Grain SA nomNyango wezoLimo. Kwa-Grain SA ngathenda i-Introduction to Maize Production nesifundo seTractor Maintenance. KumNyango wezoLimo ngenza i-Vegetable Production course. Ngisathanda ukuthola ukueqeshwa kwi-Financial Management.

Uzibona ukuphi esikhathini esiyiminyaka emihlanu? Yini ongathanda ukuyizuza?

Esikhathini esiyiminyaka emihlanu ngifuna ukuba nepulazi elinempahla yalo enjengogandaganda nama-implements futhi ngifuna ukusiza abanye abalimi ukutshala imihlaba yabo elimekayo. Ngingathanda ukuqasha abantu abanangi ngidale amathuba omsebenzi futhi ngingathanda ukuba nemakethe engizodayisa kuyo ngqo umkhiqizo wami kodwa ngiqinisekise ukuthi ngikhiqiza umkhiqizo oyikhwalithi.

Ngabe yisiphi iseluleko ongasinika amafama asafufusa?

Ngifuna ukukutshela amafama asafufusa ukuthi kufanele bakuthathe njengento ebalulekile ukulima futhi balandele izindlela ezilungile zokukhiqiza. Kulezi zinsuku zethu kulula ukulima ngoba silima ngemishini efana nama-planter futhi sisebenzisa i-knapsack noma ama-boom sprayer sifafaze ama-herbicides nama-insecticides ezilimweni zethu ukuze sikhiqize umkhiqizo omuhle onempilo. Akufani nezikathini zakudala lapho sasitshala ngesandla futhi sihlakule ukhula ngamategeja omkholo. Ikhona imali kwezolimo, umuntu idinga ukubekelza nokwenza yonke into njengoba kubhalie encwadini.

**I-athikhili ibhalwe ngujerry Mthombothi,
i-Development Co-ordinator ye-Grain SA
Farmer Development Programme, eMpumalanga.
Uma ufuna imininingwane gcwele,
thumela i-imelyili ku-jerry@grainsa.co.za.**

Isimilo esihle sibaluleke kakhulu kunemali



Kufanele ukwazi okuqukethwe yi-business plan yakho futhi ukuqondisise ngokuphelele – futhi uwazi namandla ayo.

Ukupathwa ngempumelelo kokusebenza kwepulazi namuhla kudinga ukugcinwa kwamarekhodi ukuze amamenjenja enze izinqumo eziphusile mayelana nenzozo yamapulazi abo. Okubaluleke nakakhulu kulezi zinsuku ukuthi amafama adinga imalimboleko ngezinye izindlela yokuqhube amabhizinisi abo.

Izikhungo eziningi ezibolekisa ngemali zidinga *i-business plan* echaza kabanzi kanye nolwazi oluphelele ngazo zonke umafama anazo, kanye nesimo sanoma iyiphi imalimboleko yesikhathi eside engakhokhiwe. Kokunye bangafuna umlando ofana *ne-production track record* kanye nezimo zesikhathi esizayo ezifaka phakathi isilinganiso somkhiziso wepulazi, ukumaketha nokudayisa. Konke lokhu kungabukeka njengento eqeda amandla kumlimi usafufusa kodwa empeleni ukwazi KANCANE ukuthi kwenziwa kanjani kanye

nokuzithiba KAKHULU yikhona okudingekayo emva kwalokhu bese kuba ukuthatha isinyathelo esisodwa ngesikhathi njengoba kusuke kufundwa ukuxoxisana nokwakha ubudlewano nabadali ababalulekile endaweni yakho olima kuyo!

Ukhumbule njalo ukuthi noma yisiphi isimilo – kungaba ngesihle noma esibi – sidalwa ukuphubeka nokwenza izinto ngendlela ethile. Izinto ezinhle zikunika isimilo esihle; izinto ezimbi zikunika isimilo esibi futhi ke ngeshwa kuyiqiniso ukuthu uBenjamin Franklin wake wathi, ‘*Kuthatha izenzo eziningi ezinhle ukwakha isimilo esihle, kodwa silahlekwa ngento eyodwa vo embi! Kamuva nje uWarren Buffet uthe, Kuthatha iminyaka engama-20 ukwakha isimilo esihle kodwa usibhidlize ngemizuzu emihlanu!*’

Uma siya kunoma yiliphi ibhange noma isikhungo esibolekisa ngemali siyozama ukuthola isikweletu, bazobheka isimilo sakho ngokwe-track record nomlando wakho. Uma

bewukade ulima iminyaka eyishumi, kufanele ube nomlando echaza isipiliyon sakho semi-nyaka eyishumi nemele isithombe sebhizinisi lakho. Uma usaqala ungumlimi osafufusa, kufanele uqonde ukuthi uqala uhambo okusho ukuthi uqala ukwakha isimilo. U-John Rockefeller uthe: ‘*Into ebaluleke kakhulu ensizweni ukudala isikweletu...isimilo...udumo.*

Lonke ibhizinisi esilenzayo thina mafama kulendlela linamandla okusiza ekwakheni (noma libhidlize) isimilo sethu, kuya ngendlela esiziphatha ngayo ekwenzeni ibhizinisi. Ngabe sethembekile? Ngabe siyakwenza esithe sizokwenza? Ngabe siyabhadala uma sithi sizobhadala? Uma besisiza, siyakuhlonipa lokho kwethenjwa futhi sibanike isizathu sokufisa ukuthi baphinde basisize ngesinye isikhathi esizayo?

Ngokujwayelekile isidingo sokuqala so kwenza isicelo sokwebolekwa imali ukuba ne-security Inani nohlobo lwe-security

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum
Bloemfontein
► 08600 47246
► Fax: 051 430 7574 ▲ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
► 082 854 7171 ▲ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE NOKUSHICILELA

InfoWorks
► 018 468 2716 ▲ www.infoworks.biz



IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

Isizulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Danie van den Berg
Free State (Bloemfontein)
► 071 675 5497 ▲ danie@grainsa.co.za

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)
► 079 497 4294 ▲ johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ▲ Dimakatso Nyamboso

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)
► 084 604 0549 ▲ jerry@grainsa.co.za
► Office: 013 755 4575 ▲ Nonhlahlala Sithole

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 082 354 5749 ▲ jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 084 582 1697 ▲ graeeme@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)
► 078 791 1004 ▲ ian@grainsa.co.za
► Office: 039 727 5749 ▲ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8057 ▲ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
► 082 877 6749 ▲ dutoit@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8038 ▲ Lebo Mogatlanyane

Julius Motsoeneng

North West (Taung)
► 072 182 7889 ▲ julius@grainsa.co.za

Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.

Isimilo esihle sibaluleke kakhulu kunemali

Iiyashiyana futhi lincike ekutheni ingakanani imali ebolekwayo. Kulezi zinsuku ukuba nomhlabo kungabe kwanele kodwa akuyona into edingeke njalo ukuba nomhlabo ukuze ukhwalifaye ukunikwa imalimboleko. Izikhungo eziningi zizimisele ukubheka umlando wesikweletu nesilo 'sikaloyo owenza ibhizinisi' noma umfama – lokhu kubaluleke njenge-asethi ephathekayo okungeyakhe. Uma umuntu enomlando omuhle wesikweletu futhi ebonakala njenekhandidethi enobungozi obuphansi, usuke usethubeni elingcono lokuthola isi-kweletu kunomuntu unawo umhlabo kodwa enesimilo esifana nesomuntu owehlulekayo ukuplena, ukubhajetha noma ukusebenza kahle ngemali – noma ungathembekile ekukhokheni izikweletu.

Uma uzama ukweboleka imali ngaphandle kwanoma yiluphi uhlolo lomlando wesikweletu, ukuzethula kwakho kokuqala kubaluleke kakhulu. Kudingeka umjabulise onikeza ngesikweletu ukuthi uplane kahle futhi wazi ukuthi ukhulumha ngani.

Lokhu kusho ukuthi LAZI ibhizinisi lakho. Yenza uCwaningo Olunzulu phecelezi i-SWOT ANALYS/S yamandla onke (S), ubuthakathaka, amathuba nokwesabisa endaweni yebhizinisi lakho. Ungacabangi nokuyocela isikweletu ngaphandle kwe-business proposal noma i-plan ezwakalayo. Kufanele ukwazi okuqukethe we yi-business plan yakho futhi ukupondise ngokuphelele – kuqondise ukusebenza kwezinombolo nokuthi yini amandla azo. Ungalensi iphutha labo bonke lokucela omunye akubhalele i-business plan yakho ngaphandle kokwenza isiqiniseko sokuthi lokho abaku-shoylo kungenzeka.

I-business plan ayenzelwe ukuwina ukuzithemba kobolekisa ngemali kodwa futhi yithulizi lakho lokuchaza i-framework yebhizinisi lakho nokusetha amagoli nama-benchmark. I-business plan futhi ayiqagelwa – ihambisana nesikhathi njengoba uyimenenja futhi uphe-nlula endaweni yebhizinisi.

Elinye ithuluzi elikhulu ebhokisini lakho 'lamathuluzi' yiqoqo lamareferensi asebenzayo kanye nama-testimonial. Lezi ziyaebenza kuno-ma iyiphi i-CV kodwa kaningi abantu bavamisa ukwenza iphutha lokugcina ama-testimonial asukela nesikhathi besafunda isikole futhi bacabanga ukuthi yilokho kuphela okudingekayo. Ama-testimonial, amarefarensi nezitifiki kusukela kwezma-short courses kufanele ziyoqwe njalo uma unalo ithuba lokusebenza nomunye noma ufunde kubo. I-CV 'yidokumenti ephilayo' – nayo 'ayiqagelwa' futhi ku-

fanele ishintshwe njalo ngonyaka, ifake wonke umsebenzi omusha noma isipiliyonu sokufunda. (Lokhu kufundise nezingane zakho!)

Njengoba usomabhzinisi efuna izikhungo ezinikana izikweletu noma imalimboleko, udinya amareferensi abantu noma izinkampani lapho wenze khona nazo ibhizinisi ngokugcu-lisayo; umqequesi uzokunika ireferensi yesimilo esihle kanye nereferensi ephuma kwilungu lomphakathi elihloniphekile.

Kubalulekile futhi ukuzethula njengomuntu ophrefeshinali. Ubukeke uhlelekile futhi une-khono. Khombisa ukuthi kawuzilungiselele nje kuphela kodwa unomdladla futhi uyzithe-mba. Khumbula ukuthi kufanele ubagculise ngokuthi ukahle 'ubheje', isibonelo. Ngingumuntu ungenza ibhizinisi ngempumelelo.

Kufanele futhi uhlele ukugcina ubukhona bakho lapho uthole khona impumelelo nalapho uxhaswe khona ngemali. Yiba ngumxhumanisi omuhle futhi uhlale uphambili ezingqondweni zabo – ngisho noma ngabe ubhekene nesikhungo, thola abantu lapho ungaxhumana nabo wenze ubudlelwane obuhle nabo.

Ungaveli uthule nje uma isimo singaku-hambeli kahle futhi unezinselelo nokudumala. Hlala engoxweni kuzo zonke izikhathi ezimbi, funa iseluleko kuchwepeshe, xoxa ngamaplane okungahle kuvele, hlala ubazisa ngenqubekelaphambili, enhle noma embi. Uma izimo zingaphezulu kwamandla akho, isibonelo, umphumela wesomiso amanye amafama asibonile esikhathini esisanda kwe-dlula, ngokujwayelekile baqondisia kakhulu kunalokho okulindele ngoba nabo amehlo abo athe njo emkhakheni wezolimo futhi babhekile futhi bazohlala befisa ukusiza futhi bamemukele umlimi. KODWA...uma uthula futhi unya-malale kwangathi awukho, bazoqala ukusola futhi bamangale ukuthi kwenzekani!

Isimilo siyasiza KODWA 'Ngeke uzenzele igama ngalokho usazokwenza!' (nguHenry Ford). Ukhumbule nje ukuthi ngaso sonke isikhathi nakukho konke okwenzayo kufanele ugcine imininingwane yamarekhodi futhi we-nze nobudlelwano obunempilo. I-track record namandla yizinto ezimbili ezibaluleke kakhulu uma ufaka isicelo sosizo lwemali!

I-athikhili ibhalwe nguJenny Mathews,
umbali wePula Imvula. Uma ufuna
imininingwane egcwele, thumela
i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.

THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST

